# Possible Answers 2004



**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesithathu)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**
**IMIKLOMELO: 80**

**IMIYALO**

Abafundi bayayalwa ukuba balandele imiyalo.

**ISIGABA A**

**UMBUZO 1**

Indaba ayibe ngamakhasi AMABILI. kube isihloko esisodwa.
**UKUMAKWA KWENDABA**
INDABA MAYIVEZE:

A Ingqikithi: (16)

Ukuthi umfundi uyakwazi ukuhlela akushoyo ngokufanele (effective Communication of content). Lokhu kuzobonakala ngalezi zimpawu:

- Icacise bha ngokuzayo / okungalindeleka
- Indaba ebekwe ngokucacile nangokulandelana kwamaphuzu / kwezigameko.
- Ukuchaza noma ukucacisa ngezibonelo
- Ukungaphumi esihlokweni
- Ukuveza eyakhe imibono nokwethula izixazululo zezinkinga.

B Isakhiwo (6)

Akuvele ukuthi umbhali unalo ikhono lokuhlela indaba yakhe ngobunyoninco. (Structure, organisation mechanical ability). Lokhu kuzobonakala ngokuthi indaba ibe nalokhu:

- Isihloko, isingeniso, Isiphetho.
- Amapharagrafu ahleleke kahle: leyo naleyo iqukathe umqondo owodwa omusha
- Ukubonakala kwesiphetho sendaba

C. Isitayela (3)

- Ikhono lokuveza imiqondo emisha nemicabango yakhe.
- Ubuciko bomfundi ekubhaleni indaba yakhe (creative ability).
  Kuzobonakala

D. Ulimi (5)

- Ikhono lomfundi lokucabanga ngendlela enobuhlakani. (Critical thinking skills). Lokhu kuzovela ngokuthi umbhali wendaba aveze ukuthi uyakwazi:
- Ukusebenzisa ulimi olufanele sebenzisa amagama okukhuluma amukelekile.
- Isipelingi esiyiso negrama efanele
- Izimpawu zokubhala ezifanele
- Ukuhlanganisa nokuhlukanisa amagama ngendlela efanele.
- Umfundi asebenzise izimo zokukhuluma njengesifengqo, izisho ukugcizelela nokugqamisa imibuzo izitatimente ngenhloso yokuheha umfundi nezindatshana ezigqamisa okuthile.

**[30]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2

2.1 **INCWADI YASEMTHETHWENI**

UKUMAKWA KWENCWADI

| | |
|---|---|
| Isakhiwo sencwadi | **(8)** |
| | |
| Ikheli lokuqala | (1) |
| Usuku | (1) |
| Iya kubani | (1) |
| Ikheli lesibili | (1) |
| Isibingelelo | (1) |
| Isihloko sodaba | (1) |
| Isiphetho | (2) |
| **Ulimi** | **(2)** |
| **Okuqukethwe** | **(5)** |

**[15]**

2.2 **INCWADI YOBUNGANI** **(5)**

| | |
|---|---|
| Ikheli | (1) |
| usuku | (1) |
| Isibingelelo | (1) |
| Isiphetho | (2) |
| Ulimi | **(3)** |
| Okuqukethwe | **(7)** |

**[15]**

2.3 i-Memorandum

OKUQUKETHWE

Kulindeleka ukuba, iveze okunye kwalokhu:

(i) Ukukhumbuza okuthile / ukwazisa
(ii) Ukululeka ngokuthile / ukugunyaza
(iii) Ukuchaza okwenzekile / ukucela
(iv) Ukuxhumanisa nokwenziwa kokuthile

ISAKHIWO (5)

- Igama lenhlangano
- Isuka kubani iya kubani (nesikhundla sakhe)
- Usuku lubhalwa luphelele isib. 2 Agasti 2002
- Isihloko sesimemo

UKUSETSHENZISWA KOLIMI (3)

- Luba senkathini edlule
- Luba sohlelweni lomuntu wokuqala (1st person)
- Kuba wulimi olwejwayelekile
- kube khona izimo zenkulumo

**[15]**

2.4 Amaminithi omhlangano
**Isakhiwo** (7)
Igama lomhlangano
Uhlobo lomhlangano
Usuku / isikhathi / indawo
Ukuvulwa kwamaminithi
Ababekhona / abaxolisile
Izihlokwana ezidingidiwe
Igama likanobhala
**Ukusetshenziswa kolomi** (3)
Bhala Ube inkathi edlule
Akube yinkulumombiko kungabiyona inkulumoqho
Makusetshenziswe ulimi olwamukelekile
Ukupela nokuhlukaniswa kwamagama kubhekelelwe
**Okuqukethwe** (5)
Amaminithi awakhumbuze okuthile okugaba umthetho sisekelo wesikole.
Izlphamiso zigqame nizinqumo.

**[15]**

## UMBUZO 3

3.1 **UHLELO LOKUZAZISA**

**Okuqukethwe**
Bheka ukuthi kuvezwa konke okuqukethwe njenga: (9)

Igama, isibongo, usuku lokuzalwa, ikheli, umazisi, umakhalekhukhwini, isikole, imfundo, umsebenzi

**Isakhiwo** (3)
Kubhalwa kube ngamakholoni amabili (1)
Ukuhleleka kweCV. Ku izigaba: Ngokuzethula, imfundo, umsebenzi (2)

**Ulimi** (3)
Bheka ukupelwa kwamagama
Ukuhlukanisa amagama ngokuyikho

Uhlelo lokuzazisa
**Ukuzethula**

| | | |
|---|---|---|
| Isibongo | : | Mtshali |
| Igama | : | Themba |
| Usuku lokuzalwa | : | 14 Novemba 1976 |
| Ikheli lasekhaya | : | D 1580 Ntuzuma Road, |
| KwaMashu | | |
| | 3100 | |
| Umakhalekhukhwini | : | 083 382 0936 |
| Inombolo kamazisi | : | 761114 0733 089 |
| Inani lezingane | : | Iyodwa |
| Isimiso somshado | : | Angishadile |
| Engikuthandayo | : | Umculo nekhompyutha |

**Imfundo**

| | | |
|---|---|---|
| Makhutha Junior Primary School : | : | Amabanga 1-7 |
| O,I, Box 61 | | |
| Ntuzuma | | |
| Buhlebuyeza School | : | Amabanga 8-12 |
| P.O. Box 61 | | |
| KwaMakhutha | | |
| Izifundo zika Matikuletsheni | : | isiZulu HG |
| | : | English HG |
| | : | Business Economics HG |
| | : | Economics SG |
| | : | Mathematics SG |
| | : | Accounting HG |

**Umsebenzi**

| | | |
|---|---|---|
| Pick 'n Pay | : | Amatoho |
| Engikwenzayo | : | Ukulungisa ugesi |

**Abangathintwa ngami**

Rev. B F Majola
Mahon Evangelical Christian Church
P.O. Box 90
Diepkloof
1868
(011) 938 8000

kanye no Mnu. JT George
Pick 'n Pay
P.O. Box 600
ORMOND
2000
(011) 493 0978 **[15]**

3.2 **Isikhangisi** (3)
**Isakhiwo**
Kuba izigejana zamagama

**Ulimi** (5)
Olujwayelekile (2)
Umuntu wokuqala okhulumayo Ngi / Si .. (1)
Isipelingi nokuhlukaniswa kwamagama kubalulekile (2)

**Okuqukethwe**
Akubekeke kucace ozothintwa, intengo, indawo, ubukhulu bomuzi odayisayo: nokunye okungaqhamuka akuhambelane nokukhangisa. **[15]**

## ISIGABA C

## UMBUZO 4

4.1

4.1.1 Inkulumo noma ingxoxo enobuchwepheshe edluliselwa ezizukulwaneni ngezizukulwane ngawo umlomo. (2)

4.1.2 Yinkondlo emfishanyana yokuthunduzela umntwana. (2)

4.1.3 Ukuyala, ukwexwayisa, ukusongela, ukukhuthaza, ukweneka isimo esithile (4)

4.1.4 Zikhaliphisa ingqondo, ziyangathekisa, ziqeda isizungu, ziyafundisa (okuthathu) (3)

4.1.5 (a) izibongo (1)
(b) isilandelo (1)
(c) inganeko (1)
(d) isithakazelo (1)
(e) isiphicwaphicwano (1)

4.1.6 (a) Ikhuluma ngokudabuka kwezinto. (1)
(b) Ithinta inkolo noMvelinqangi nabantu bakhe. (1)

4.1.7 (a) Isisho kasiwethuli amaqiniso angephikiswe. (1)
(b) Isisho kasiwona umusho ophelele. (1)

**[20]**

4.2 -Abalingiswa yizilwane: Inja nekati nabantu
- Ziyakhuluma zenzisa okwabantu.
- Le nganekwane ichaza ukuthi umkhuba othile wavela kanjani.
- Isibonelo: ubutha phakathi kwenja nekati
- Ziyasikitaza, ziyasenamisa.
- Isifundo esitholakalayo (imibono izokwehlukana) **(20)**

**UMBUZO 5**

5.1

5.1.1 NguXolani. (1)

5.1.2 Ngumhlangano womzabalazo. Bafingqa izibhakela basho neziqubulo ezifudumalisa igazi. (3)

5.1.3 Yingoba uzokhuluma amanga ngoXolani. (2)

5.1.4 Kwatholakala isiqophamazwi nekhasethi esikhwameni sakhe. (2)

5.1.5 Bamkhumula waba nqunu. Wazungeza ilokishi noqembe olubhalwe "Impimpi." Bamgaxa ithaya entanyeni base bemshisa. (4)

5.1.6 NguKhumbulani. (2)

5.1.7 NguMphemba. (2)

5.1.8 UXolani wayenomqondo ohluzekile futhi eyingozi kuMphemba. (2)

5.1.9 Bathukuthele / Banolaka. (2)

**[20]**

5.2 (a) Umlobi uphumelele ukudingida isigameko esisodwa: UMtshali uphelekezela uMdenjana umfana wakhe ukuba ayokuzwa ngesicelo sakhe sokufundela ubuthisha. Kuzoxoxwa kabanzana ngalesi sigameko. (10)

(b) Isiphetho esingalindelekile! Kuphanjaniswe incwadi yezincomo kaMelusi Mtshali nekaMdenjana Mtshali. (10)

**[20]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 80**